# *UJesu Ungubani Na?*

Njengami, ukuthi sibenalo, kuze kube manje, ulwazi lokudla okuhle kwejubhili elejwayelekile, nalokhu ukudla kwasekuseni okumnandi esibenakho; ngokuvamile kuba ucezu lwebhanisi elibandayo nojeli ulizungezile. NgangisePhoenix, ngelinye ilanga, futhi banginika amapanikuku angana... siwabiza, ezansi eNingizimu, ama "flepjeke," futhi ayengenawo ngisho notiligi, futhi ngakho nga—nga—ngangifanele ngifake ushukela kwelami. Aye nje...Futhi manje, lapha, sibe nesikhathi sangempela! Futhi kungesikho lokho kuphela, ukuthi emvelweni, sinesinye ngokomoya.

2 Ngijabula kakhulu ukuzwa lobubufakazi bukamfowethu omncane. Ngabizelwa eceleni lombhede wakhe ngokunye ukusa; bangitshela ukuthi kukhona okwenzekile. Ngicabanga ukuthi waba ngomunye wabokuqala ukuzama ukuxhasa lomhlangano. Ngokwempela kwakunguSathane owazama ukwenza lokho kuleyondoda kaNkulunkulu. Kodwa niyabona ukuthi uNkulunkulu wenza kanjani, Ukuguqula ngqo kube ngubufakazi obuqavile, ukukhombisa amandla aKhe. Uyokwenza konke kusebenzelane kube ngokuhle, kwabaMthandayo. Ngibonga kakhulu ukuzwa lobo bufakazi, mfowethu.

3 Futhi kube inhlanhla ngempela kimi ukuba kulelidolobha, nani bantu. Kungukuthi, ngani, angikwazi ukukuzwakalisa nje, ukuthi ngizizwa kanjani ngakho. Manje asikaze saba nezixuku ezichichimayo, nezinto, njengoba ngezinye izikhathi senza; kodwa kubukeka ngathi uNkulunkulu ulungiselela ukwenza okuthize, noma kuxazulula okuthize, ukuthola abantu nje belungele okuthize, ukuthola abantu bebuyele emgqeni lapho okumele babekhona, nokuhlangana nalababelusi abakahle, nokunye nokunye.

4 Futhi, manje-ke, inhlanhla yami yokuza lapha kulokhu ukusa ukukhulumela iFull Gospel Business Men. Ngiyaqonda ukuthi umkhandlu lapha usesebunganeni bawo. Mncane kakhulu, futhi njengomfowethu lapha ushilo ukuthi bebedinga indoda.

5 Awu, njengeziningi zezinhlangano ezihle nje—njengoba ngizimele umhlaba jikelele, zalolonke iVangeli eligcwele, eziningi zeBaptisti nezehlukene, ngani, ngisalokhu ngingoweqembu elilodwa, futhi lelo yi—yiBusiness Men, ngoba alimele nanoma iyiphi inhlangano ethize. Kuyo uqobo, ngu—ngubuvangeli bangaphakathi. Ngokusobala nje ayimele lutho kodwa nje iVangeli eligcwele, futhi ngakho sijabulile ngalokho.

6 Futhi ngicabanga ukuthi, wena ndoda lapha yedolobha, lokho ngukuthi. . .Empeleni, uma ningikholwa ukuba nginitshele into ethize eyiqiniso, lesi yisikhathi lapho labosomabhizinisi beVangeli eligcwele bengahlangana khona ukuba bahlanganyele. Nizofunda izinto komunye nomunye, ngesikhathi esithize ngoMgqibelo ekuseni, ukukhuluma.

7 Umongameli we. . .umongameli kazwelonke, uMfowethu Shakarian, ngaziswa yena iminyaka eminingi eyedlula. Abaningi benu bayazi ngakho, ngamatelegramu ehleli edeskini, phakeme kakhulu; futhi ngithatha ngapho, ngathola owesifazane ogama linguShakarian, ebulawa umdlavuza. Futhi ngandlela thize iNkosi yangiholela ngale, futhi yilapho engaziswa khona abakwaShakarian, ngenkathi wayephiliswa. Lapho yilapho uDokotela Theodore Palouveas abhaphathizelwa khona phandle lapho, ngenkathi, yena engudokotela wabo, udokotela ongumGreki.

8 Wathi, "Wona impela umbono, nakhela abantu ngaphansi komcabango oyiphutha." Wathi, "Lowo wesifazane elele lapho efa!"

9 Kuqala, ngenkathi ngingene endlini, wathi, "Manje uma sewungena," wathi, "yiba nenhlonipho yokuzithoba, uthule," wathi, "ngoba owesifazane uyafa. Ubephezulu lapha, futhi womabili amabele asusiwe, futhi uvuvukele." Wathi, "Uzofanele afe." Wayesethi, "Akukho ongakwenza ngakho." Futhi ngalalela ekufundiseni kwakhe okwesikhashana. Wathi, "Manje thula ngempela. Ungakhuleki ngezwi elikhulu noma nayini." Wathi, "Yisho umkhuleko wakho omncane bese ubuye wehlele phansi."

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

10 Ngakho ngaqhubeka. Ngangazi ukuthi ngangingezukukulalela lokho, niyazi. Futhi ngathi thina. . . Ngaqhubekela esitezi esiphezulu. Futhi nakho kwakukhona, ngiyakholwa ngathatha. . .Ngakubuyisela manje. Ngenyukela esitezi esiphezulu. Futhi uFlorence, manje-ke, eliselisha, elihle, inenekazi eliselincane, noRose nabo bonke, bonke bayakhuleka; nomama wabo elele lapho equlekile, esequkele izinsuku ezithi azibe mbili, evuvukele wonke.

11 Futhi ngakho ngaguqa phansi ukuba ngikhuleke. Futhi ngenkathi sengikhulekile, nakho kufika iNgelosi yeNkosi, yehlela embhedeni, yathi, "Ezinsukwini ezintathu uyobe esevukile."

12 Ngakho ngavele ngaphenduka futhi ngaqala ukuphuma, base bengilandela. Ngathi, "E. . .KuseGameni leNkosi, uzosukuma." Ngakho baqala ukumemeza.

13 Nakhu kufika uDokotela Palouveas, futhi wayezongixosha endlini. Futhi nje u. . .Ngathi. . .Wathi, "Umbono impela!" Futhi ngathi. . ."Awu, wakhela labobantu ngaphansi kwethemba elingamanga! Owesifazane uyafa."

14 Ngathi, “Ngokwezibalo zakho zonke, kunjalo. Kodwa ngokweZwi leNkosi, qhabo.” Niyabo? Ngathi, “Uzophila.”

15 “Umbhedo,” washo, “ufanele usuke kulendawo, phuma lapha.”

16 NoMfowethu Shakarian wenyuka ngesitebhisi, wathi, “Linda umzuzu nje.” Niyabo? Wathi, “Sibe nawe ezansi lapha futhi, nawe, ukwenzela udokotela wethu, futhi siyakuthakasela.” Wathi, “Kodwa futhi sibize noMfowethu Branham. Amathemba akho, awusiniki lutho. Uyasinika, niyabo.”

17 Futhi ngathi, “Ngizokutshela ukuthi ngizokwenzani. Uma engavukile futhi engaphumanga futhi, maphakathi nezinsuku ezintathu, ngizobeka isayini emhlane wami, ‘umprofethi wamanga,’ futhi sizohamba lapha ngqo eLos Angeles, futhi wena ungene emotweni yakho, wehle ngesitaladi, ushaya ihudi, ungikhomba, uyabo. Bese kuthi-ke uma evukile, mangibeke isayini emhlane wakho, ‘uwaka ozishaya udokotela,’ futhi ngingene emotweni yakho bese ngishaye, uyabo.” [Ibandla liyahleka—Umhl.] Wayengekwenze. Kamuva, wabhaphathizwelwa esiseleni senkasa, futhi wayekhonza iNkosi. Kusukela ngaleyonkathi, useyiswe eKhaya ukuba seNkazimulweni.

18 Futhi ngakho ngazana nabakwaShakarian. Kamuva ngangiyingxenye ekubasizeni ukuhlela umkhandlu wabo wokuqala. Futhi ukunqamula izwe, umhlaba jikelele, ngibasize emikhandlwini yabo. Bayiqembu elihle kakhulu lendoda.

19 Ngicabanga ukuthi ni—nigeja okuthile ngokungabi nanhlanganyelo yenu iqiniswe lapha, ngoba yinhlanganyelo. “Sifanele sizinhlanganise ndawonye,” iBhayibheli lisitshela ukuthi, “njengoba sibona isiphelo siza; singayeki ukuzihlanganisa ndawonye.” Ku—kungeke kwenze lokho kuphela, kuyoniqinisa. Futhi, nina, ukuqina kwamandla enu kuyoqinisa ibandla. Futhi konke ku. . .IFull Gospel Business Men ayisiyo inhlangano ukuyibeka eceleni, bese uthi, “Leli yiqembu lethu.” Ingeyawo wonke amakholwa, ukuba ahlangane. Futhi ingumbuthano webandla nje, niyabo, ibandla qobo lwalo, amakholwa okokomoya. Futhi ngicabanga ukuthi ku—kuyinto enhle uma u—uma ungayenza. Kuthi ukuba ngokuncane, mhlawumbe akwenzi . . .

20 Ngithemba ukuthi akuzwakali kungukuthuka okungcwele. Kodwa omunye washo kimi kungekudala, emhlanganweni, washo, indoda yathi, “Awusho, ungumshumayeli.”

21 Ngathi, “Awu, ngithi ukuqagela uhhafu ukuthi kuqinisile.” Ngi—ngithi ukwesaba ngengikusho ngabashumayeli, ngakubantu beFull Gospel.

22 Niyazi, ubaba wami—wami wayeyi—yi—yinkweli. Wayeqeqesha amahhashi. Ngenkathi ngisengumfanyana,

ngacabanga, niyazi, ngangizoba yinkweli, nami. Niyazi ukuthi abafanyana bafuna kanjani ukufana nobabayi babo, futhi ngangizoba yinkweli nami. Ngakho ngangisusa ubabayi aye ngemuva kwendawo, niyazi, uma silima, futhi ngangikhipha ihhashi lami lokulima futhi ngilehlisele ethrawuthini endala yokunisela, niyazi, igwedwe ogodweni.

23 Bangaki abake bakubona lokho, endala...Awu, nivela kuyiphi ingxenye yeKentucky na? O! Bangaki oke walala embhedeni owenziwe ngotshani obomile na? Awu, ngingahle nje futhi ngikhumule ibhatshi lami nothayi wami, ngisekhaya ngempela lapha. Awu, leyo yi—leyo yi—yimvelo yami.

24 Ngakho ngangivamise ukwehlela lapho. Nobabayi wayenesihlalo sehhashi, niyazi. Futhi ngakho ngangimbona emuva le ngemuva kwendawo, futhi ngangithola ihhashi lami lokulima. Futhi ngilande bonke abafowethu, bese ngibahlalisa ngokuzungeza ucingo lokubiya, niyazi, futhi ngangingomdala kunabo bonke kwabayisishiyagalolunye. Hamba ungitholele ogudluthukela ogcwele isandla bese uwubeke phezulu ngaphansi kwesihlalo sehhashi, bese udonsa ibhande lesikhumba esihlalweni sehhashi, bese ugibela kulo. He! Umfo omdala bandla ekhathele kakhulu wayengeke aphakamise izinyawo zakhe zisuke emhlabathini, futhi uvele nje ampongoloze futhi aqhubeke, ogudluthukela bemnamathela, niyazi, futhi ucindezela lelobhande lesikhumba sesihlalo sehhashi kuye. Ngakho ngangethula isigqoko sami, futhi nje ngangiyi...ngangiyikhawa-bhoyi ngempela. Ngifunde amaphephabhuku amaningi kakhulu, kunjalo konke. Ngakho ngenza abafowethu bakholwe ukuthi ngangiyikhawa-bhoyi langempela, niyabo, ngakho ngacabanga ukuthi ngangiyilo.

25 Ngenkathi sengithi angibe neshumi nesishiyagalombili, ngeqa ekhaya ngase ngiphuma ngiya eArizona. "Babengidinga ukuba ngiqeqeshe amahhashi abo. Ngiqinisekile ngalokho. Nje ba...Babengidinga, ngakho ngifanele ngishiye ikhaya." Ngingaphansi ngokweminyaka, kodwa ngeqa, futhi kwenzeka ukuba ngifike ePhoenix ngesikhathi nje somdlalo wamakhawa-bhoyi, niyazi. Ngakho ngabuyela phandle lapho ukubuka imfuyo yabo ngapho, ukubona ukuthi iliphi engangizoligibela. Lawo abanye ababengawagibela, ngangizoligibela, niyazi, ayenesihlalo sehhashi esiyisiliva.

26 Ngangingumfo omncanyanyana, bengihlala njalo ngimncane, futhi ngacabanga ukuthi ngiyozitholela ipheya lezivikelo zezikhumba ezigqokwa phezu kwebhulukwe uma ugibele ihhashi. Ngiyazi ubaba wayezigqoka. Futhi wayengenazo ngalesosikhathi, futhi ngakho ngazitholela... ngibone ipheya elihle, niyazi, lalino A-r-i-z-o-n-a ngezansi, nogebhezi olunezimpondo lwenkomo kulo. Ngacabanga, "O, he, lelo lizobukeka kahle kimi," niyazi, ukuthi umfanyana ukanjani. Ngawagqoka, lalithi alibe ama intshi ayishumi

nesishiyagalombili alo okulengela ngaphandle kwiphansi lendlu. Futhi ngabukeka njengenye yalezizinkulu zohlobo oluncane, niyazi, zinalezozimpaphe. Ngacabanga, "Lokho akusoze kwasebenza," ngakho ngavele ngahamba nje ngase ngizitholela ipheya likaLevis.

27 Futhi ngacabanga, "Ngizokwenza imali." Ngakho ngaphuma ngabuka konke phansi naphezulu leyomfuyo imi lapho, engawasendle kakhulu ukuthi ayengabudli ngisho utshani obomile obuyimbondela, nakho kusemkhonjeni. Ngacabanga, "O, he!"

28 Ngakho okokuqala bekhipha, kwenzeka kwaba... Kuyamangaza, ukusho lokhu kulokhu ukusa, angikaze ngicabange ngakho kuze kube manje nje; kodwa ihhashi lokuqala lalizogitshelwa ngaleyontambama, emncintiswaneni, lalibizwa ngo "Mgulukudu waseKansas," futhi lalivela eKansas, lalingumgulukudu omkhulu kakhulu oyizandla eziyishumi nesikhombisa ukuphakama. Futhi ngakho lenkweli edumile lapho yayifanele ukumgibela.

29 Ngakho ngazikhwelela othangweni lwesibaya, njengazo zonke izinkweli, niyazi, ngase ngihlala phezulu lapho. Babefuqela lesisigqoko emuva. Ngacabanga, "Ngibukeka njengenkweli yangempela," ngibuka phezulu.

30 Ngakho lomfo uyaphuma, ehlotshiswe wonke. Wa—wa, ngenkathi ephuma esibiyelweni sehhashi, egibhele lelihhashi, wenza ukuthwista okubili noma okuthathu nokugxumisa ihhashi njengenhlanzi isunfishi, nomfana...Ihhashi lahamba ngenye indlela, nendoda ngenye. Abangenisi babamba ihhashi. Ne-ambulense yathatha inkweli, igazi liphuma ngezindlebe zayo. Nehhashi liqhubeka lehla lidlula ngapho, nabangenisi balithola.

31 Lommemezeli wadlula ngapha wayesethi, "Ngizonika noma iyiphi indoda ikhulu lamadola ezohlala kulo imizuzwana elishumi." Wehla wedlula ngapho, ehla edlula ngapho, washo, wangibuka ngqo, wathi, "Uyinkweli na?"

32 Futhi ngathi, "Qhabo, mnumzane." Ngaguqula umqondo wami, masinyane nje. Ngangingesiyo inkweli.

33 Ngenkathi okokuqala ngigcotshwa, iMissionary Baptist Church, ngangingagodla iBhayibheli lami, niyazi, ka*njalo*, futhi ngathola izincwadi zami—zami ezingichazayo. Nga—ngangingumvikeli woKholo, yikho konke lapho okwakukukho. Ngacabanga ukuthi ngangingumshumayeli.

34 Ngolunye usuku ngangingapha eSt. Louis, ngenkathi lentombazanyana yakwaDaugherty iphiliswa, futhi ngacabanga ukuthi ngangingumfundisi. Ngehla futhi ngahlangana namaPentecostal. Nalo Robert Daugherty, abanye benu bangahle bamazi. Futhi ngamuzwa eshumayela. Naleyondoda yashumayela ize ishayanise amadolo futhi ibe luhlaza

sasibhakabhaka ebusweni, futhi ithi ngqu phansi kwiphansi lendlu iphinde ibuye iphakame, ibambe umoya wayo, wawungayizwa amablokhi amabili ukuqhela, isalokhu isashumayela.

35 Mina, izindlela zami ezindala ezinensayo seBaptisti angicabangi ngakho ngokushesha kanjalo. Noma imuphi washo kimi, kusukela ngaleyonkathi, "Ngabe ungumshumayeli na?" Ngithi, "Qhabo, mnumzane." Ngifanele ngithi ukukuqaphela lokho.

Umfo washo kimi, phezulu ePhiladelphia . . .

36 Ilapho umhlangano olandelayo uzobanjelwa khona, nokazwelonke. Ngizokhuluma zi 29, ngivule umhlangano zi 29, ukwenzela uDokotela Brown na—nabaningi balabo bazalwane ngapho. Lowo usePhiladelphia, uqala zi 29 alenyanga. Kuyinhlanhla kimi uvula umhlangano, ngakho, futhi ngibe nokudla kwasekuseni okuthi akube kubili kwabo.

37 Omunye umufo wathi, "Yini uzilazila nalesosigejane seBusinessmen na? Ufanele ukuba ngumshumayeli."

Ngathi, "Awu, ngi—ngingusomabhizinisi."

Wathi, "Awu, ukuliphi—liphi ibhizinisi na?"

38 Ngase ngithi, "Ibhizinisi lesiqiniseko." Ngakusho masinyane ukuze angezukukubamba, niyabo. Akakutholanga engakusho. Angikaze ngithi "mswayilense," ngathi "isiqiniseko."

39 Wathi, "Awu, ngi—ngiyathokoza u—ukwazi lokho." Wathi, "Yini, likuphi ikomkhulu lalenkaphani na?" Wathi, "Hlobo luni lomshwayilense na?"

Ngathi, "UkuPhila okuPhakade."

Wathi, "Angikaze ngizwe ngawo. Likuphi ikomkhulu lawo na?"

Ngathi, "ENkazimulweni."

40 Ngakho noma yimuphi wenu bafo nilangazelele, ngithanda ukukhuluma ipholisi kini emva kokuba inkonzo isiphelile.

41 Futhi ngiyakhumbula, esikhathini esedlule, ngomshwayilense. Ngithemba ukuthi ayikho indoda yomshwayilense lapha. Umfowethu ungumdayisi womshwayilense, empeleni, kuPrudential. Ngakho ngatshelwa ukuthi nginedili yepolisi yomshwayilense engasebenzi ngesinye isikhathi. Futhi abasifundelanga ipholisi kahle nje, nobabayi wasebenza iminyaka eyishumi ngonyaka wamashumi amabili, kwakhokha ukusekwa ngemali, sacabanga. Ngenkathi isilungele ukuba ikhokhe imali, yayibiza amadola ayisikhombisa namasente angamashumi amahlanu, futhi sasicabanga ukuthi ibiza amadola angamakhulu. Kodwa, futhi a—angazi. Kulungile, umshwayilense ulungile, manje; kungesikho ukubhekisela phansi lokho. Ulungele ngokuphelele.

42 Ngakho nganginomngani womshwayilense, noma owayedayisa umshwayilense, njalo, umfo engangifunda naye esikoleni; umfowabo, ubhala kwi*The Upper Room*, ungumfundisi omuhle weBaptisti. Ngakho uWilmer wenyuka ukuba axoxe nami, ngolunye usuku, wathi, "Billy, ngiza ukukhuluma nawe ngomunye umshwayilense."

43 Ngathi, "Awu, Wilmer," ngathi, "Ngizokutshela, besilokhu singabangani abahle," ngathi, "futhi yonk'into." Ngathi, "Uma ufuna ukukhuluma ngesimo sezulu, noma—noma nanganoma yini enye, kulungile, kodwa ngokuyodoba noma okuthize. Ngiyathanda ukukhuluma ngalokho. Kodwa . . . "

Manje wathi, "Awu," wathi, "uwudinga ngempela umshwayilense."

Ngase ngithi, "Nginaso isiqiniseko."

44 Futhi wathi, "O uxo-. . . Manje-ke ngiqagele uJesse," lowo ngumfowethu, "usevele ukuthengisele ipholisi na?"

45 Ngathi, "Qhabo." Nomkami wangibuka njengokungathi nganging umzenzisi, niyabo, ngoba wayazi ukuthi nganging enamshwayilense. Ngakho wangibuka. Ngase ngithi, "Ya," ngathi, "Nginesiqiniseko."

46 Wathi, "Uyini na?" Ngase ngithi:

> Isiqiniseko esibusisiweyo, uJesu ungowami!
> O, ukunambitha okungaphambili okunje kwenkazimulo yobuNkulunkulu!
> Ngiyindlalifa yensindiso, ethengwe nguNkulunkulu,
> Ezalwe ngoMoya waKhe, ngigezwe eGazini laKhe.

47 Wathi, "Billy, lowo muhle kakhulu, kodwa lowo ngeke ukufake phezulu lapho emathuneni."

48 Ngathi, "Kodwa uyongikhipha. Angi—angikhathazekile ngokungena; ngikhathazeke ngokuphuma."

49 Bosomabhizinisi, ngisesebhizinisini. Uma ufuna ukukhuluma ngomunye walona ngale nami, ngiyojabula ukukwenza nawe.

50 Kodwa kuyinto enhle ukuba nenhlanganyelo. Ngikholwa ukuthi kwalotshwa emBhalweni, "Kumnandi futhi kuthokozisa kanjani ukuthi abazalwane bangahlala ndawonye ebunyeni. Kufana namafutha ayesesilevini sika-Aroni, ehlela emphethweni wezingubo yakhe." Kunento ethize ngenhlanganyelo!

51 UNkulunkulu yedwa, ekuqaleni, WayenguNkulunkulu yedwa . . . Wayengesuye ngisho uNkulunkulu, ekuqaleni. Benikwazi lokho na? Wayengeke. U*Nkulunkulu* yi "nto ekhonzwayo," igama lesiNgisi. Niyabo? Njengoba Ayengu-

Elohim, Okhona ngokwakhe; Wayengesuye ngisho uNkulunkulu. Kodwa kuYe kwakuyizingxenye ezingahlukaniseki, njengomcabango wakho. Niyabo? Umcabango wakho, ngifanele ngibone okuthize, bese kuthi-ke . . . Ngicabanga ngakho, bese-ke kuba ukukhuluma. Nezwi lingumcabango ozwakalisiwe. Ngakho, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wabonakaliswa," niyabo, wavezwa.

52 Futhi manje konke kuyafana. Kufana njengoba sinjalo, sizalwe ngokusha, sinokuPhila okuPhakade. Uma sinokuPhila okuPhakade, sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, lowo nguNkulunkulu. Futhi siyizingxenye zaKhe ezingehlukaniseki. Manje ngingakhuluma phakathi kwamaKristu ngalendlela. Siyizingxenye ezingehlukaniseki. NoJesu weza njengoMhlengi. Bangaki okukholwayo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ukuhlenga, akusikho ukudala into entsha. Ukuhlenga ngukubuyisa lokho obese kuvele kukhona. Niyabo? Ngakho nisabani na? Niyabo? Konke ku—konke kusezandleni zaKhe, iwashi lasodongeni alihambi ngokungesikho. Konke kufanele kube ngalendlela, futhi kusiletha kulendawana. Manje . . .

53 Futhi ngiyethemba futhi ngempela ngethemba ukuthi ngamunye wenu muntu lapha kulokhu ukusa, ongesilo ilunga lalenhlanganyelo enhle, ukuthi uzokuxoxa lapha nalendoda ekahle; ngizofanele ngiyixhawule nje, u—umongameli walomkhandlu. Futhi ziqinise! UDavide wathi waziqinisa ukumelana nesitha. Nawe ndoda, u—u—ufuna ukwenza konke ongakwazi ukuziqinisa ukuba umelane nesitha. Silapha njengababafo beVangeli eligcwele, niyabo. SiyaLikholwa. Asiye emsebenzini, futhi siphume bese sithole abanye balababafowethu futhi sibangenise, noma ngabe iVangeli eligcwele noma akusilo, futhi sibangenise emihlanganweni yethu—yethu. Futhi sikhuleke futhi senze ingxenye yethu ukuqinisa uMzimba kaKristu, futhi, ngalokho, siziqinisa thina uqobo. UNkulunkulu abe nani, anisize. Noma ngasiphi isikhathi engingaba usizo kinina, ngaziseni. Manje asi, ngaphambi kokuya eZwini . . .

54 Angifuni ukunigcina lapha isikhathi eside kakhulu. Nje ngi—ngiyi . . . Njengoba ngishilo esikhashaneni esedlule, "Ngithi ukunensa, niyazi, futhi ngizodingeka ngithi ukucabanga ngakho ngokunensa." Ne—nengqondo yami ayiyinhle kakhulu, kwasekuqaleni nje, ngakho nje ngizofanele ngithi ukuthatha isikhathi sami; futhi angazi ngangaphezu nje kwalokho Angitshela ukuba ngikusho, futhi kungifaka enkathazweni ngezinye izikhathi, kungikhiphe kuyo ngezinye izikhathi, ngakho ngisho nje lokho Akushoyo. Kodwa ngaphambi kokuba siye eZwini, asiye kuMqalisi.

55 Ngesinye isikhathi esedlule, ngangigibele ngihamba noDokotela wezobuNkulunkulu odumile, abaningi benu bangahle bamazi, uWilliam Booth-Clibborn, futhi ushumayela

iVangeli ngezilwimi eziyisikhombisa. Futhi sasikhuluma ngoNkulunkulu nezingxenye zaKhe ezingahlukaniseki. Futhi ngangikhuluma ngazo, ngathi, "Kufana nedayimane, uNkulunkulu unjalo." Niyabo? Ngase ngithi, "Bese kuthi-ke leziziphiwo okhuluma ngazo," ngathi, "nje zingu—zingukubonakaliswa kothando lukaNkulunkulu." Futhi ngathi, "NjengaseAfrica, si . . . "

56 Umongameli wemayini, eKimberley, wayengomunye wabangenisi bami emgqeni. Wangithatha wangiyisa ezimayini zamadayimane e—eKimberley. Ngani, ungawathola elele esitaladini, awulinge ugcine elilodwa ngaphandle uma lisikiwe. Lizofanele lisikwe ngephuli. Ngakho manje-ke idayimane elikhulu kakhulu, alinawo umlilo kulo uma ulifumana. Qhabo, lizofanele lisikelwe lokho.

57 Futhi lowo kwakunguNkulunkulu, futhi Wadingeka ukuba alinyazwe ngenxa yeziphambeko zethu, futhi alinyazwe ngobubi bethu. UyiDayimane elikhulu. Bese kuthi-ke uma usika idayimane, (nake naqaphela na?) ulisika libe umumo ongamakhona amathathu, nelanga libheke kulelo lizobonakalisa imibala eyisikhombisa. Niyabo? Futhi ubuka, okubomvu ngokubomvu, kubonakala okumhlophe. Benikwazi lokho na? Kunjalo. Okubomvu ngokubomvu, lelo iGazi, iGazi elibomvu libuka e . . . UNkulunkulu ebuka isoni esibomvu, ngeGazi elibomvu, lisiguqula sibe mhlophe. Uphakathi enhliziyweni, niyabo.

58 Futhi—futhi ngakho manje, kulokho, ngathi, "UNkulunkulu waxhozwa, wasikwa, walinyazwa, ukuba abonakalise kulemisebe, njengoba kushaya i—iZwi likaNkulunkulu elikhulu, libonakalisa ukuthi uNkulunkulu uyini."

59 NaloMnu. Clibborn wathi, "Kodwa awulazi iBhayibheli lakho nje."

60 Ngathi, "Lokho kungahle kube iqiniso. Ngiyamazi uMqalisi kahle impela. Ngakho lokho yi—yinto enkulu, uma ngimazi uMqalisi." Ukwazi Yena, noma ngabe wazi lonke iZwi, noma awulazi; ukwazi Yena nje!

61 Ngikholwa ukuthi kwakunguHudson Taylor washo esithunyweni senkolo esincane ngesinye isikhathi. Sathi, "Mnu. Taylor, ngisanda kwemukela uMoya oNgcwele," sathi, "ngingaya kothola iZiqu zami zoBungcweti na?" Wathi, "Ungazami ukukhanyisa isibani ngenkathi ikhandlela selivuthe uhhafu phansi. Malikhanye ngesikhathi esavutha." Kulungile. Ngamanye amazwi, uma ungazi ukuthi uthini, hamba usho ukuthi lakhanyiswa kanjani. Lokho kuhle ngokwenele.

62 Nani Full Gospel Business Men yenzani okufanayo. Ninga—anidingi ukuba nilinde futhi ube umshumayeli; fakaza nje lokho Asevele ekwenzele khona. Yilokho enikuhlangenele lapha, ngukuthi fakaza ngalokho Akwenzele khona. Lokho

kuyokhanyisa iSibani kwabanye ukuba bakhanyiswe ileso. Zazikhanyinswa kanjalo izibani etabernakele, esinye kwesinye; hhayi isibani sangaphandle, ukukhanya okusha; kepha isibani esifanayo. Okusho ukuthi, nguNkulunkulu ofanayo kusukela le, okhanyisa iSibani.

Asikhulume kuloMqalisi omkhulu sisakhothamisa amakhanda ethu.

63 Baba waseZulwini, ukuhlangana manje ezindaweni zaseZulwini: Lokhu, siyaqonda, akusiyona indlu yokukhonzela; akungabazeki yilokho iKiwanis nezinye eziningi izinqubo, amaLion nakho konke, bahlangene phakathi lapha. Kodwa kulokhu ukusa yibandla ngoba i—izithunywa zoMbuso zibuthanele ndawonye. Futhi sizwa, nakuba, sekuvele, kulobubufakazi namahubo, si—siyazizwela ngoBukhona beNkosi enkulu. Siyazi ukuthi Ilapha.

64 Futhi manje sisa, njengabantwana, ekunikeleni kuWe izindumiso ngezindebe zethu, o, mhlawumbe kungesikho ngokwenqubo, Nkosi, kodwa nje abantwana, Uyakuqonda. Kungenandaba ukuthi siyozama kangakanani ukusebenzisa inhlonipho yethu—yethu yokuziphatha nenhlakanipho, kungahle kungaveli enhliziyweni, kuyinto engeyokwenziwa efakwayo. Kodwa uma thina, kuvela enhliziyweni yethu, sinika Wena ukukhonza okuphakathi lapho ukwenzela Wena, ngiqinisekile kuyomukelwa.

65 Manje siyakhuleka ukuthi Uzosibopha ngentambo kaMoya oNgcwele, ubuthele izinhliziyo zethu ndawonye, bese ukhuluma nathi ngeZwi likaNkulunkulu.

66 Busisa lomkhandlu omncane, Nkosi, wuphe amandla okuqina. "Mina iNkosi ngikutshalile, Ngiyakukunisela imini nobusuku, funa abanye bakuncothule esandleni saMi." Ngiyakhuleka, Nkosi, njengenceku yaKho, babusise. Baqinise, Nkosi, ukwenzela uMbuso.

67 Busisa lonke ibandla elimelwe lapha kulokhu ukusa, nawowonke umuntu. Futhi uma bekhona lapha kulokhu ukusa a—abangasindisiwe ngempela, ngi—ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi leli kuzoba yihora ukuthi bazothola ukuthi abenele ukuhlangabezana nokufa, ukuthi bazomukela i—isiphiwo sokuPhila okuPhakade ngoJesu Kristu iNdodana yaKho. Ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

68 Manje, emihlanganweni, ngicabanga ukuthi sengishumayele kini kakhulu kakhulu nayoyonke into, emihlanganweni, angifuni ukuthatha, ngishumayele intshumayelo. Futhi ngicabanga ukuthi akulungile ngempela ukuba no—nombuthano ngale kokufunda iZwi, nokukhuluma nje kancanyanyana eZwini. Ngakho lapha ngikhethe eZwini lapha, u—umdlalo wasesiteji nje omncane, indatshana. Abanye benu, ngiyinikeze izikhathi ezimbili noma ezintathu, kodwa

ngicabanga ukuthi izobekezelelwa futhi, ningangibekezelela kancanyanyana nje ngalokhu.

69 Ngizo—zofunda eNcwadini kaLuka oNgcwele, esahlukweni se 19, ngiqale ngevesi 1. Indikimba encane exake kakhulu, ukucabanga ngendawo enjangalena ukuba nayo. Kodwa nokho lonke iZwi liphefumulelwe, ngokufitha endaweni yaLo, futhi ngiyathemba ukuthi uNkulunkulu uzothatha leliZwi bese eLifitha phakathi impela lapho Lingelakhona kulokhu ukusa.

> *. . . uJesu wangena eJeriko wadabula khona.*
>
> *. . . bheka, kwakukhona indoda igama layo linguZakewu, ingumthelisi omkhulu, icebile.*
>
> *Yayifuna ukumbona uJesu ukuthi u—ngubani; . . .*

70 Angifunde lokho futhi, ngoba ngifuna ukugcizelela lokhu.

> *Yayifuna ukumbona uJesu ukuthi ungubani;* ya*hluleka* ngenxa ye*sixuku,* noma *ngokuba yayimfushane.*
>
> *Yagijimela phambili, yakhwela emthombeni ukuba imbone; ngokuba ebezakudlula ngakhona.*
>
> *Esefikile uJesu kuleyo ndawo, wabheka phezulu, wayibona, wathi kuyo, Zakewu, shesha, . . . wehle; ngokuba namuhla ngimelwe ukuhlala endlini yakho.*

71 Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kwaLeli, iZwi laYo.

72 Lendoda, umlingiswa omncane, isigcawu sethu sivulwa e—eJeriko. Manje, iJeriko kwakungumuzi ophansi kunayo yonke e—ePalastine, futhi usesigodini. Ne—neJerusalema liphezulu e—entabeni, phezulu egqumeni.

73 Futhi uma niqaphelile, uJesu, ngenkathi Efika emhlabeni, Wanikwa, phakathi komuntu, igama eliphansi kunawo onke anganikwa. Ukufika kwaKhe, Wayengu "Belzabule," lelo kwakuyigama elibi kunawo wonke ababengaze baMbize ngalo, lelo ngu, "develi, umbhuli, umoya omubi." Babiza umsebenzi waKhe ngomoya omubi. Ibandla elingazilungiselele, ukuhlangana naYe, baMnika igama elesabekayo, "Belzabule."

74 Futhi Wafika, ukuzalwa okuthobe kunakho konke okwakungake kuzalwe, ngumama ongumlimi, engenayo ngisho nendawo ukucambalala ukuba—ukuba abelethe lengane. Nembeleko yaKhe, siyatshelwa, yayithathwe ejokweni lenkabi, leyo abaMsonga ngayo, emkhombeni, esitebeleni esinukayo, phezu kobulongwe esitebeleni. Nesitebela akusiso ngisho nesitebela esilungile; umgede omncane engxenyeni yegquma.

75 Futhi Wanakana nabancinyana ukwedlula bonke, izimpofana zabantu. Futhi Wenqatshwa izinhlangano eziphakeme kunazo zonke. Wenqatshwa ngabaKhe uQobo, ibandla elalifanele liMazi, kodwa alimazanga. Babengaqeqeshiwe eZwini, ukuba baMazi.

76 Futhi siyathola futhi ukuthi Waya emzini ophansi kunayo yonke eyayisePalastine, iJeriko. Ngiyakhohlwa ukuthi ungamafidi amangaki ngaphansi kweleveli yolwandle, phansi le. Wazehliza Yena uqobo kakhulu kwaze kwathi indoda encane kunawo onke yomuzi yadingeka ikhwele esihlahleni ukuba iMbukele phansi.

77 Kodwa yilokho izwe elakucabanga ngaYe. BaMnika okubucayi kakhulu, ukufa okunzima kunakho konke ukuthi noma yimuphi umuntu angafa ngakho; Wafa njengesoni. Okuyihlazo kakhulu Ayengafa ngakho, wahhundulwa izingubo zaKhe zasuka kuYe; futhi, ngoba, niyabona emifanekisweni ebaziweyo, nokunye nokunye, baMumbathise indwangu. "Kepha Wafela ihlazo." Bahhundula izingubo zaKhe zasuka kuYe ngokuphelele, baMbethela esiphambanweni, ehlazweni. Omncinyana kunabo bonke, ukufa okunzima kunakho konke okwakunganikwa, baMnika khona. Futhi yilokho izwe elalikucabanga ngaYe.

78 Kodwa uNkulunkulu wacabanga ngaYe kwaze kwaba UMnika iGama ngaphezu kwalolonke igama okwethiwe ngalo amaZulu nomhlaba. Waphakanyiswa phezulu kakhulu kwaze kwathi, isihlalo saKhe sobukhosi siphakeme kakhulu, Udingeka abuke phansi ukubona iZulu. Yilokho uNkulunkulu akucabanga ngaYe. Ngiqinisekile ukuthi leyo imicabango yethu kulokhu ukusa, futhi. Lingaphezu kwalolonke igama, ngaphezu kwalolonke igama elingethiwa. Ngisho nawo wonke umndeni waseZulwini nasemhlabeni wethiwe ngo "Jesu." NangaleliGama, onke—onke amadolo ayakukhothama phansi, nazozonke izilwimi ziyakuLivuma.

79 UZakewu wayengu—ngusomabhizinisi nje emzini waseJeriko. Futhi kwakungangabazeki wayeyi—yindoda elungileyo endleleni yakhe. Wa—wayeyi, ake sithi, ngiyakholwa, engumuntu olungileyo njengoba wayenjalo, kufanele ukuthi wayengowelinye ibandla, elinye lamahlelo angalolosuku. Ake sithi wayengumFarisi.

80 Futhi yena, ngempela, wayengahambisani nemibono yomkakhe. Ake sithi igama lomkakhe kwakunguRebekah. Futhi wayengahambisani nemibono yakhe, ngoba wayekholelwa kuJesu. WayeMkholwa ukuba uyilokho Ayeyikho, uMesiya, ngoba wayekade eMbonile enza isibonakaliso sikaMesiya. Owesifazane, engumHeberu; amaHebheru alandela izibonakaliso nabaprofethi, ngoba lowo kwakufanele kube isithunywa sabo. Yingaleso sizathu ukuthi babengafanele neze behluleke ukuba baMazi, ngoba Wayeza, "eyiNdodana yomuntu."

81 Fundani konke lokhu kusebenzisana lapha noZakewu. "Ngokuba iNdodana yomuntu izile ukufuna futhi ihlenge okulahlekileyo." UyiNdodana kaAbrahama.

82 Ngenkathi, baMsola ngokuhamba nezoni. Ngakho siyabona ukuthi kufanele ngabe bakuqonda lokho, kodwa abakuqondanga. Babenesayense yabo yezenkolo yo—yokuphila kahle nokuba ngabantu abalungile, nokunye nokunye, kodwa abaqondanga ukuthi ngempela uMesiya wabo wayezoba yini.

83 Niyazi ukuthi lokho kungaba njalo futhi na? Lokho kungenzeka kalula, ukuthi besingeyikukuqonda ngenye indlela. Manje yinye kuphela indlela yokuba siqiniseke, lokho ngukuthi, sithole ukuthi Wayengubani. Manje-ke, umBhalo uthi, "Unguye." Sithole ukuthi Uyozibonakalisa kanjani Yena uqobo ngesikhathi sokuphela. Kulotshiwe. Niyabo, Akenzi lutho aze Ayembule kuqala. Washo njalo emBhalweni, "Akenzi lutho, aze Akwembule ezincekwini zaKhe abaprofethi." Futhi UkweMbulile. Na*Lo* ngumprofethi waKhe, *Lena* iNcwadi yesiprofetho, Isambulo esiphelele sikaJesu Kristu, konke kusukela le. Akukho okuzonezelwa kuyo, noma kususwe kuYo. Futhi besifanele siYicingisise futhi sibone suku luni esiphila kulo, ngoba singahle sibanjwe ogibeni olufanayo.

84 Ngakho siyathola ukuthi ngalesisikhathi, ukuthi loZakewu, umlingiswa wethu omncane kulokhu ukusa, losomabhizinisi wase—waseJeriko, si. . . angahle ukuba wayengoweKiwanis, uma kwakukhona into enjalo, noma into ethize ukuyifanekisa. A—angahle ukuba wayeyilunga lenye yezinqubo ezinkulu lapho, eyayikhona eJeriko. Akungabazeki, indoda evelele yesikhathi sayo—sayo, futhi wayengowebandla.

85 Kodwa into embi esiyitholayo, ukuthi wayekade ethathe uhlangothi nombono wesimodeni, umbono odumileyo, ngoJesu. Futhi uJesu uyiZwi; neZwi, libonakalisiwe, linguJesu. Niyabo? Futhi ngakho wayekade ethathe u—uhlangothi lombono odumileyo ukuthi Wayengesuye umprofethi, ukuthi kuphela Wayeyi—yi—yi . . . Angifuni ukusho leligama, njengoba besingakubiza namhlanje, ngomkhohlisi ongenalutho, into nje egqokisiwe.

86 Kodwa, niyabo, uSathane angalingisa lokho ngokuphelele impela kuze kubenzima ukwazi ukuthi ikuphi okulungile noma okungalungile. UJesu wathi kuyoba ngaleyondlela ngezinsuku zokugcina, okuningi kakhulu ukuzifanisa nomunye, njengoba oJane noJambre bamelana noMose.

87 Khumbulani, lawo indoda amabili ayengenza noma yini uMose no—noAroni ababeyenza. Kodwa into kuphela uMose ayeyazi, neqinisekisiwe . . . Awu, akazange afike, uJane noJambre, ukukhulula izigqila. UMose weza ngeGama leNkosi, ukukhulula izigqila, niyabo, ngoba kwakulotshwe kanjalo. Batshela uAbrahama, "Inzalo yakho iyogongobala iminyaka engamakhulu amane, kodwa ngiyakubakhulula." Ngakho uMose wayeno ISHO KANJE INKOSI. Kodwa babengeke bakulingisa noma yiluphi uhlobo lwesiphiwo ababengaluveza.

Bona bekwazi, abakaze banake abalingisi babo, bahlala khona ngqo neZwi. UNkulunkulu ekugcineni umemezelile.

88 Futhi niyazi ukuthi Washo ukuthi kuyoba njalo ngezinsuku zokugcina, "Njengoba uJane noJambre bamelana noMose, kanjalo nalawa indoda anomqondo onolunya, ngeQiniso." Kunjalo, niyabo, ezifanisa ngokulula nje. Ngakho kuyabadida kancanyana abantu.

89 Ngezinye izikhathi uyabathethisa, kodwa nokho aku—akusikho ukuthi awubakhonzile. Yingenxa yokuthi ubakhonzile.

90 Kuthiwani ukuba ubune, umfanyana wakho ubehlezi phandle lapha maphakathi nesitaladi, futhi ubuyophuma bese uthi, "Junior, sthandwa, angicabangi ukuthi ufanele uhlale phandle lapha"; ubeyothi, "hamba unake izindaba zakho"? Ubuyomnika okuncane . . . Nikubiza ngani, njengobabayi wami enginika na? Isivuselela mandla esiyisiqalo sakho konke sezinqe. Yileyo indlela, indlela okushiwo ngayo na? Yilokho abeyokudinga.

91 Futhi kanjalo yilokho ngezinye izikhathi ofanele ukunike ibandla; kungesikho ngenxa yokuthi awumkhonzile uJunior, kodwa ngenxa yokuthi umkhonzile uJunior. Niyabo? Uthando luyaqondisa.

92 Lokho, uJesu wayengenanzondo ngabo. Wayebathanda, futhi Ufanele abaqondise.

93 Ngakho sithola lomfo omncane noRebekah, umkakhe. Futhi wayekholwa ukuthi Wayengumprofethi, umProfethi uqobo. Babengenaye umprofethi amakhulu namakhulu eminyaka. Babazi olandelayo enkundleni, umprofethi wangempela olandelayo, kwakuyoba nguYe. Niyabo, babazi ukuthi wayefikile, ngoba kwaprofethwa. Ngakho abaprofethi babenqamukile, kwase kuthi-ke Ungena enkundleni. Futhi wayekade esibonile lesosibonakaliso sobuMesiya, futhi wayazi ukuthi kwakuyileloZwi. Niyabo, wayekade elifunisisile.

94 Ngakho umdlalo wethu wasesiteji uqala lapha. Kufanele ukuthi kwakungubusuku obubi kumfo omncane. Kwakungubusuku obungenakuthula, futhi wayengenabuthongo. Waye—wayegingqika ngapha, phezu komqamelo wakhe, ubusuku bonke gulukunqu. Abaningi bethu bayazi ukuthi lezo uhlobo lobusuku obunjani.

95 Niyabo, uRebekah wayazi. Wayexhumene nabafundi, kanjalo njalo. Wayazi ukuthi uJesu wayezongena emzini ngokusa okulandelayo. Futhi wayekhathelele kakhulu kowakhe—kowakhe umyeni, ukuthi wayemfuna ukuba alethwe ubuso nobuso noJesu. Futhi indoda eke yama ubuso nobuso naYe, kwenza okuthize kuwe. Akafani nenye indoda. Wehlukile. Futhi wayefuna yena ukuba aqiniseke ukuthi uMbonile, uwubonile umsebenzi yaKhe, futhi wazi ukuthi

WayeyilowoMesiya. Nakuba, abapristi nabo babethe, "Akukho lutho kukho. Yinto mbumbulu nje. I—ihlaya ngokukhohlisa." Kodwa wakukholwa, ngakho wayekhuleka.

96 Manje, uRebekah, uma nifuna ukuthola usomabhizinisi wakho, uZakewu, ngokwempela phambi kukaJesu, qala nje ukukhuleka, angeke akuthola ukuphumula.

97 Ngakho isikhathi sesisondele kakhulu ekugcineni, ngakho, ukusa okulandelayo, uJesu wayezodlula ngapho. Ngakho bonke ubusuku wayesonteka embhedeni, futhi wayelusizi. Futhi owesifazane, elele lapho, ekhuleka. Futhi akungabazeki maphakathi nobusuku, lapho bevuka, wayethi, "NgiyaKubonga, Nkosi, ngiyazi Uyamsebenza."

98 Manje uma uhamba ukuyobona uZakewu wakho engaphumuli, yithi nje, "NgiyaKubonga, Nkosi, Uyamsebenza manje." Uma umbona ethola ukuba nenhliziyo encane kakhulu, akafuni ukuba usaphinde uyesontweni, niyabo, "Deda kuleso sigejane! Ungabe usehlela lapho! Akukho lutho kuKho!" Bekezela nje. UNkulunkulu uyasebenza, niyabo. Yileyondlela Akwenza ngayo, niyabo. Akahlaliseki nje akakwazi ukukumela.

99 Ngakho siyathola, ngokusa okulandelayo, kusesekuseni kakhulu, umlingiswa wethu omncane uphuma ngesinyelela embhedeni bese eya ngale bese ezigqokisa kahle ngezimpahla zakhe ezingcono ukwedlula zonke, niyazi, ingubo yakhe kanokusho ayenayo, futhi ulungisa kahle intshebe yakhe bese ekama izinwele zakhe. NoRebekah umpopola ngaphansi futhi uyambona. Wazi ngalesosikhathi ukuthi kukhona okushaya amanzi. Ngakho uthi nyelele ewindini, bese ebuka ngale futhi abone ukuthi uyabona, uphapheme. Qhabo, wayengaphapheme, ngokwalokho akucabangile. Uphakamisa ikhethenisi bese ebuka phandle, futhi kwase kusa, ngakho uyazilungisa wonke.

100 Niyabo, uma uya kokhulekela othize, into ethile izokwenzeka. Kukhona lapho sihluleka khona, bangani, ukungakhuleki. Ukukhuleka inothi lokuqala. "Cela uyakufumana. Awunakho ngoba awuceli; awuceli ngoba awukholwa. Cela ukuchichima, ukuthi izinjabulo zakho zigcwaliswe. Cela futhi ukholwe ukuthi uyakwemukela okucelile." Ngakho-ke bambelela kukho. Ungakuyekeli. Uma kuyisethembiso eBhayibhelini, futhi kumbuliwe kuwe ukuthi uNkulunkulu uzokunika khona, bambelela kukho.

101 Leyo yindlela nje ayenakho—ayenakho. Kwambulwa kuye ukuthi uZakewu wakhe wayezosindiswa, ngakho wabambelela kukho ngqo.

102 Ngakho lapho esaphuma emnyango, wathi, "Zakewu, kungani ulungiselela ukugqoka kusesekuseni kulokhu ukusa na?"

103 "O," wathi, "sthandwa, ngicabange ukuthi bengizo, a, a . . ." Niyazi, ungenza lonke uhlobo lwezaba, Zakewu. "Ngicabange

ukuthi bengizophuma bese ngithola ukuphefumula o—ukuphefumula umoya ofreshi. Uyazi, uhlobo lwe . . . ” Ubungayisheshisela into enjengaleyo, niyazi? Futhi owesifazane wayazi into ethize.

104 Ngakho nangu ephuma, eqalaza emuva endlini, niyazi, lapho esaphuma ngesigwaqana, eqalaza emuva. Owesifazane ejeqeza ngefastele elinezibuko eziphanjaniswe nezinsimbi, niyazi, ebuka ukuba abone ukuthi yayenzani. Wazi ngaleyonkathi-ke. Weguqa, wathi, “NgiyaKubonga, Nkosi. Ngikholwa ukuthi sekwedlule konke manje. Simthola ehamba.”

105 Ngakho uma unoZakewu wakho ezansi emhlanganweni kulokhu ukusa, uyahamba. Angahle ukuba uhlezi lapha, ngakho uyahamba. Simthole ehamba kangako, empeleni.

106 Ngakho waqala waphuma, eqalaza emuva, ebona ukuthi akukho muntu owayembhekile, niyazi. Wathi, “Manje, uyazi ukuthi ngizokwenzani na?” Asiguqulele imicabango yethu kweyakhe manje. “Umkami ubexoveke wonke kulona, obizwa ngokuthi, umProfethi waseGalile; kanti, umpristi wami—wami nomalusi ungitshela ukuthi, ‘Ayikho into enjalo ngalezizinsuku. Zonke lezizimangaliso nezinto olunye uhlobo lwamahlaya okukhohlisa nje. Akukho lutho kukho.’ Uyazi ukuthi ngizokwenzani na? Ngizokwehla ngqo bese ngiMnika ubunhliziyo-mhlophe bami. Isizathu, nalokho kuzongenza indoda evelele kulomuzi, uyabo, lapho ngingaMbizela phansi, ebusweni baKhe. Ngizokwenza lokho.” Ngakho uyaphuma.

107 Wathi, “Manje Uzongena ngohlangothi lwaseningizimu, qhabo, noma ohlangothini lwasenyakatho, ehla evela eJerusalema, Yena, evela kwaDani eya eBeri-sheba, ehla.” Wathi, “Ngizo—ngizo—ngizo . . . Wehla uvela eJerusalema, ngakho ngizo—ngizokwehlela lapho ngasesangweni lasenyakatho. NgizoMbamba ngenkathi Engena. Futhi ngizoma lapho ngqo futhi ngizothola ukuMbuka kahle, futhi ngizoMnika ubunhliziyo-mhlophe bami.”

108 O, bangaki oZakewu lapho ezinsukwini zamanje, bakhuluma ngoJesu emhlanganweni, “Isigejane sabagingqiki abangcwele. Akukho lutho kukho. Uma ngingake ngibambe leyoNdoda, engizokwenza!” Niyabo?

109 Ngakho wehlela esangweni. Kodwa into exakayo yayingukuthi, niyazi . . . Wayezomtholela indawo khona ngqo esangweni, aMtshele ukuthi wayengusomabhizinisi; wayengowe—weKiwanis, wa—wayengowezinhlangano nazo—nazozonke i—iqembu leqoqo labafundi ekolishi lomuzi. Yena, waye—wayengomunye wezikhulu lapho, futhi wayevelele futhi ehlonishwa. Wayeyisakhamuzi esihloniphekile. Futhi ngokwempela wayefuna ukuMtshela ukuthi Wayengadingi ukuba aze kulelodolobha, babenenqwaba yabashumayeli nenqwaba yamabandla, babengadingi imibono yaKhe ngapho.

Ngakho uziqhenya wehla ngomgwaqo, nesifuba sakhe siqhoshile, niyazi. Futhi, o, he! Ini na? Ngani, umfundisi angahle amenze idikoni uma benza okuthize okunjengalokho. Ngakho wehlela esangweni.

110 Kodwa into exakile. Awu, niyazi, ngandlela thize kuyinqaba, kodwa, yonk'indawo lapho—lapho uJesu evela khona, ngokuvamile kubakhona othize lapho ukuba aMlalele. Niyabo? Futhi ngaphambi kokuba afike lapho, we—wezwa umsindo. Futhi babecula zonke izinhlobo zamaculo, futhi—futhi, "Udumo kuNkulunkulu kweLiphezulu," nawowonke lamahubo amnandi ababewacula, nabanye bempompoloza futhi bememeza. Akuxakile lokho, lapho kukhona khona uJesu, kuhlala njalo kunenqwaba yomsindo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Nje ku . . .

111 Niyazi, Wangena ethempelini wase . . . ngolunye usuku, e, phakathi eJerusalema, njalo, futhi ngenkathi Engena, baphula amasundu, futhi bampompoloza. Futhi lapho kwakumi labo lapho, laboprofesa bezinhlangano nezinto, nabapristi, futhi bathi, "Bathuliseni."

112 Wathi, "Uma bethula, amatshe ayomemeza masinyane." Niyabo, into ethize izomemeza uma Esefikile. Kunjalo.

113 Niyazi, ngenkathi uAroni engena eShekina, ngaphambi kweShekina, wayefanele agcotshwe, futhi waye . . . izingubo zakhe zazifanele zibe nepomegranati nesikhencezo. Futhi yileyondlela kuphela ukuthi babazi ngayo ukuthi uAroni wayesaphila, uma bezwa lomsindo. Futhi uma ngicabanga lokho yileyondlela kuphela ukuthi uNkulunkulu azi ngayo uma ngabe sisaphila noma qhabo, uma uzwa umsindo omncane. Uthatha noma yini efe kakhulu, ukuthi okuthize kwenzekile kuyo. Ngakho babezosho uma ngabe wayesaphila noma qhabo, ngomsindo owawenziwa.

114 Ngakho uZakewu wawuzwa wonke lomsindo ezansi lapho. Futhi ngakho uma efika lapho, amasango ayeminyanisiwe, futhi phezulu ezindongweni, nayoyonke into. Futhi wayengumfo omncanyanyana, empeleni, ngakho wacabanga, "NgizoMbona kanjani na? Kuzobe kunabaningi balabobagingqiki abangcwele beMzungezile, kuze kube a—angikwazi nje ukuMbona. Ngakho uyazi," wathi, "Ngazi into yinye, angeke ngikwazi ukuMbona lapha, ngoba ngimncane kakhulu.

115 "Kodwa ngiyazi Wehlela kwengincintisana nabo ukuba—ukuba adle isidlo saKhe sasemini. Ngakho angiboni, ukuba UbeyiNdoda yanoma yibuphi ubuhlakani, Ubezoza endaweni yami yebhizinisi, isitolo othenga udlele kuso sami. Kodwa Wehlela kwaLavinski." Noma, ngithemba ukuthi akekho uLavinski lapha. "Ngakho manje-ke, empeleni, Wehlela esitolo othenga udlele kuso sakhe. Futhi, ngempela, ngiphakela ukudla okugcono ukwedlula konke, futhi—futhi ingakwenza kanjani

iNdoda ngisho . . . noRebekah eyilunga lebandla laKhe, bese kuthi Uya endaweni enjalo na?"

116 Awu, wathi, "Ngazi into yinye, ngizokwehlela lapha lapho uMgwaqo obanzi uHaleluya ephambana neStaladi u-Udumo. Uzonqamula ngaleyondlela." Kuqinisile. "Khona lapha ngqo, ezansi esitaladini somuzi, lapho uMgwaqo obanzi uHaleluya neSitaladi u-Udumo bephambana khona." Njalo ungaMthola ngalapho ngqo.

117 Ngakho washiya isixuku wase egijima ehlela lapho, wase ecabanga manje, wazilungisa kahle wonke, wayesethi, "Manje Uma eza ngasekhoneni, ngizoMtshela, ngiMnike ubunhliziyo-mhlophe bami. Ubezakudlula ngalendlela, ngakho ngizo—ngizo—ngizo . . . uma Edlula ngapha." Ngakho wayesecabanga, "Uyazi ukuthini, lesosixuku sizoMlandela."

118 Sihlale senza. "Lapho isidumbu sikhona, izinkozi ziyabuthana." Hhayi izinkukhu, inyoni ebophezeleke kulomhlaba. Ukhozi lwasezulwini luyobuthana nesidumbu. Inkukhu ingumzala walo, niyazi, ulapha ezansi lapho amagundane nayoyonke enye into ingamudla. Kepha ukhozi lubeka isidleke salo phezulu le lapho esihlahleni, akukho muntu ongafinyelela kuleso. Izilwane ezincela igazi lezinye azizikhathazi; zindizela phezulu kakhulu. Manje, omadlezinye nomalumana nezinto azizukuzikhathaza, ungukhozi. Zithanda uKudla kokhozi. *Lokhu* yiKho.

119 Niyazi, uJehova ulukhozi, Yena qobo, futhi Usibiza ngamachwane okhozi. Abaprofethi baKhe bayizinkozi, ababoni.

120 Ukhozi luhambela phezulu kakhulu, ayikho enye inyoni engalulandela. Ngani, uma uklebe uzama ukululandela, uyobuthuka. Kunjalo. Yileyo indaba namhlanje, abaningi kakhulu bazama ukuzifanisa nomunye. Luzothola masinyane. Uluyekela lukhuphuke ngaphezudlwana, zonke izimpaphe ziyophuma zindize. E-hhe, e-hhe, a-hhe. Kunjalo. Bayoba phansi. Khumbulani, lwalufanele lube yinyoni eyakhiwe ngokukhethekile. Futhi umuntu angalandela leliZwi ufanele abenokwakhiwa ngokukhethekile, akhiwe nguNkulunkulu, hhayi amakholiji ezenkolo. Siyathola ngenkathi e . . . uma eya ngokuphakama, uma izimpaphe zakhe zingeke zahlala, kuyomsiza ngani.

121 Neny'into, uma evuka lapho, kungathiwani uma evuka lapho futhi usephuphuthekile futhi akasaboni lutho na? Niyabo, ufanele abe namehlo futhi (niyabo?), ukwazi ukuthi yini ayenzayo uma ephezulu lapho. Ngakho zikanjalo izinkozi zikaNkulunkulu. Ngekhathi uya ngokuphakama, ubona kude kakhulu, uyabuya futhi ubikezela okulungiselela ukwenzeka. Niyaqonda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngicabanga ukuthi lowomfowethu oyikhaladi emuva lapho ebengaqonda lokho kahle kakhulu kulokhu ukusa, niyabo. Manje qaphelani.

122 Manje-ke siyathola ukuthi wathi, "Uma ngima lapha, leloqembu elifanayo lomsindo, Akasoze ezwe iphimbo lami. Bayampompoloza futhi beqhubeka kakhulu, ukuMsola kwami bekungeke kwasho lutho." Lokho kuhle. Ngakho manje-ke wathi, "Kodwa uyazi ukuthi ngizokwenzani na? Ngizokutshela ukuthi ngizokwenzani. Kunesihlahla somthombe simi lapha. Futhi ngizogibela kulesosihlahla somthombe, futhi ngenkathi Edlula, ngizoMbona. Khona-ke ngizophumela ngqo kwelinye lamagatsha, futhi ngizoMtshela engifuna ukuMtshela khona. Futhi Uzokwazi ukuthi nginguZakewu, ilunga lalelihlelo elihle ezansi lapha. Ngizomtshela ukuthi ngingowakuliphi nokuthi umpristi wami ucabangani ngaYe." Awu, lokho kungahle kulunge.

123 Uyaqalaza, wase ecabanga, "Manje, into elandelayo, igatsha lokuqala lithi alibe—lithi alibe amafidi ayishumi ukuphakama." Futhi cishe ungamanyathelo amane kuphela ukuphakama, ngakho uzowathola kanjani amafidi ayisithupha alandelayo na? Niyabo? Ngakho uyazibuza ukuthi engagibela kanjani lapho. Ayikho enye indlela kuye ukuba afinyelele kulo, futhi uzofanele agibele kulesisihlahla. Ngakho uyaqalaza, kodwa akukho lutho ngaphandle. . . Niyazi, ukuchithwa kukadoti kwakungakafiki namanje kulokhu ukusa, nemigqomo kadoti wawuhleli ekhoneni. Wacabanga, "Uma kuphela ngingaletha lowomgqomo kadoti ngapha, khona-ke ngi. . . lowo ubungangenza ngibemude ngokwenele ukuba ngigibele lapho bese ngibambelela kulelogatsha lokuqala. Kodwa nginqumile ukuba ngiMbone. NgizoMbona."

124 Niyazi, kunokuthize ngakho, uma umuntu efuna ukubona uJesu, udlula kwezinye izinto ezangempela kakhulu. Niyabo? Kodwa, niyabo, uNkulunkulu wayesebenzana naye. Kwakuyini na? Imikhuleko kaRebekah iphendulwa, niyabo.

125 Awu, uya ngale. Futhi umqoqi ubengakabibikho namanje kulokhu ukusa, nomgqomo wawusinda kakhudlwana, ngakho akangakwazi ukuwuqukula. Wayemncane kakhulu. Ngakho wazama, futhi akangakwazi ukukwenza. Kwakunendlela eyodwa kuphela ayengakwenza ngayo, lokho ngukuthi awubambe ngezingalo zakhe, awuqukule. Kodwa ugqoke ingubo yakhe engcono ukuzedlula zonke.

126 Kodwa kukhona okuthize ngakho, uma ufuna ukubona uJesu kabi kabi, uyokwenza noma yini. Niyabo? Uyo—uyokwenza noma yini nje, uma ufuna ukubona Yena kabi kabi. Ngakho uyaphuma lapho futhi u. . . Niyabo, uSathane uzozama ukukuqhelisa ukuba ukwenze, futhi. Yonk'into, uzofaka. . . Uzofaka ufa endleleni, ngasosonke isikhathi, ukukuqhelisa ukuba uMbone. Uyophuphuthekisa amehlo akho nganoma yini angayenza. Kodwa uma unqumile, uNkulunkulu uyokwenzela indlela. Udlula ngapha kulokhu ukusa, futhi. Ungavumeli

uSathane abeke okuthile endleleni yakho, esakho "isikhathi, na*lokhu*, futhi ngizomele ngenze *lokhu*." Hlala uthule umzuzu.

127 Ngakho uyagoba, uyakhothama, egqoke leyongubo kanokusho. Uzingcolisa ngempela manje. Ubamba lelibhakede likadoti. Ngesikhathi nje ewubamba futhi eqala ukuwuphatha, nakhu kuza ancintisana nabo ngasekhoneni.

128 Ngendlela okuyiyo lapha, Zakewu. Wathi awusoze ungene esigejaneni sabagingqiki abangcwele, kodwa ulapha.

129 Awu, nangu ehlala, umi lapha manje nebhakede lakhe likadoti, ubuso bakhe—bakhe bubomvu. Awu, ancintisana naye wathi, "Awu, bukani, nango uZakewu, indoda yesitolo othenga udlele kuso ezansi lapha, usewushintshile umsebenzi wakhe. Usenesikhundla esisha. Awu, niyazi, uyi—uyi. . . usebenzela idolobha, umqoqi kadoti." Awu, kunokuthile okunye ngakho, noma kunjalo, uma unqumile ukubona uJesu, uyokwenza noma yini. Wabambelela kulo, nobuso bakhe bababomvu, ubuso bakhe baqumba. Futhi nangu ehamba, khona ngale ngqo wase elibeka phansi. Uyaqalaza, wabayeka baya ngasekhoneni.

130 Manje-ke ugibela emgqonyeni, wase etshikiza enyuka esihlahleni. A-o, uxolo, bengingafanele ngisho lokho. Ukutshikiza, niyazi, lokho—lokho yi. . . Bangaki abazi ukuthi yini u "kutshikiza unyuka esihlahleni"? Awu, kulungile-ke. Niyabo, ngamanye amazwi, ukotela esihlahleni.

131 Futhi ugibela lapho, futhi nango, ehlezi lapho. Ukhuluma ngenhlakanhlaka! Egcwele udoti, uyindawo engcolisiwe.

132 Futhi, ngesinye isikhathi, uNkulunkulu ukuvumela ube kanjalo. Amen. Ngizwe omunye namhlanje, uyayazi indlela yabo entsha na? Ngithemba ukuthi akungeni emazingeni ePentecostal yethu, nakuba ngibona iphutshuka ingena; ningena, nixhawulana, "Ngi—ngithatha uJesu njengoMsindisi obhekene nami." Ngithanda ukubabona befinyelela phansi lapho ealtare, futhi bafe, beshaye, futhi beklabalase, bagxaze amathe. Futhi, niyazi, uma u. . . Sasivame ukuba namahhashi, futhi ngekhathi siwaphakela isithombo esidliwa yimfuyo, esihlanyana impela, isithombo esidliwa yimfuyo esinobuswidi, sinoju, sasiwenza agxize amathe. Uma nisondela ngokwenele eKanani, niyogxiza amathe kancane, nani, niyazi, nidla kakhulu loloJu oluvela eKanani.

133 Ngakho siyathola ukuthi nangu, phezulu esihlahleni manje, esula udoti kuye kweyakhe entsha. . . Akacabanganga ukuthi wayengenza lokho. Vumela nje othile akukhulekele, uyokwenza izinto ezixakile. Futhi uyawusula ka*njalo*; futhi usaphazekela konke emadolweni akhe nasezandleni zakhe zonke, ehlezi lapho ewucosha. Wathi, "Awu, manje, angisiwo amahliphihliphi! Ngihlezi lapha." Wathi, "Uyazi, uRebekah ungitshelile ukuthi lowomfo wayengumProfethi. Manje, ngi—

ngizolinda, ngizocasha." Ngakho uhlala phansi lapho amagatsha amabili ehlangana khona, kwenza indawo ekahle yokuhlala.

134 Futhi uma usuhambe kade kangako, futhi senihambe kade kangaka kulokhu ukusa, Zakewu, uhlezi, nawe, lapho kuhlangana khona izindlela ezimbili, eyakho nekaNkulunkulu. Niyabo? Uma uziveze obala wena uqobo ngokwenele ukuba uphumele lapha kulokhu ukusa, awu, imikhuleko kaRebekah isizophendulwa. Kodwa uhlezi lapho kuhlangana khona izindlela ezimbili manje, eyakho nekaNkulunkulu. Niyabo?

135 Futhi wahlala lapho, futhi wacabanga, "Wathi, 'Wayengumprofethi.' Zonke lezizinto, 'Wayengacabanga imicabango yezinhliziyo zabantu, futhi abambulele yona, futhi abatshele okwakungalungile ngabo.' Futhi, o, lento ngokuthi 'Nathaniyeli, uyeza futhi wamtshela ukuthi wayengaphansi kwesihlahla phandle lapho.' Niyazi, angizukuthatha amashansi. Ngizozimboza wonke, phezulu lapho esihlahleni. Ngakho ngisesihlahleni, nami. Futhi ngakho angikholwa ukuthi Ungumprofethi, noma kunjalo. Angikukholwa nje, ngoba umpristi wami ungitshela ukuthi ayikho into okuthiwa abaprofethi. Asikaze sibenabo amakhulu eminyaka."

136 Ngakho manje, kusobala, niyaqonda ukuthi nginikeza umdlalo wasesiteji lapha, ukwenza iphuzu.

137 Ngakho uthola wonke amagatsha wase ewadonsela ngakuye, yonke indawo, wazifihla kahle impela. Wathi, "Manje uma Enyuka ngoMgwaqo obanzi uHaleluya, esuka kuHaleluya, ujekela ku-Udumo. Ngakho khona lapha ngqo ekhoneni, uma Esenyuka ngaleyondlela, ngenkathi Ejika ikhona, ngizozishiyela iqabunga elilodwa elikhulu lapha, ukuze ngikwazi ukuqaphela futhi ngiMbone. Ngizoliphakamisa. Akasoze angibone, hhayi phezulu lapha. Bese kuthi-ke uma Esedlula, futhi ngithola ukuMbuka kahle, niyazi ukuthi ngizokwenzani na? Ngizoqhelisa lamagatsha, futhi emva kokuba Esedlula ngapha, futhi ngizoMnika ubunhliziyo-mhlophe bami. NgizoMtshela ngakho." Ngakho uhlala lapho isikhashanyana.

138 Emva kwesikhashana wezwa kuza umsindo. Ngokuvamisile uJesu uza naleyomisindo. Ngakho nangu Eza ngasekhoneni. Ngakho, yena, yini eyokuqala ayitholayo na? Isigejane sabantu sibuthanela ngasezitaladini. Wathi, "Ngiyajabula ngiphezulu lapha esihlahleni, ngakho angeke ngisaphinda ngizixubanise nabo futhi." Ngakho nangu phezulu lapha esihlahleni, ehlezi lapho, ezifihle ngombala wesihlahla ndawo zonke, ngakho akekho ozombona, ancintisana nabo angeke bazi ukuthi uphezulu esihlahleni manje. Ngakho unalelicembe elilodwa nje azoliphakamisa futhi abuka ngaphandle, aphinde alibuyisele phansi futhi, futhi konke okusele kwakhe kumbozeke konke. Ngakho waphakamisa icembe, nabantu babuthanela emakhoneni.

139 Futhi, niyazi, nakhu kuphuma uMnu. Jones nalowomntwana ogulayo. Ngenkathi ezwe ukuthi u—umpristi nodokotela, khona ngqo esitolo sakhe othenga udlele kuso, bexoxisana ngakho ngolunye usuku, ukuthi, "Leyongane yayifa, yayinemfiva udokotela azama ukuyelapha, futhi kwakungekho okwakungayelapha. Futhi lowomntwana akafanele asuke kuleyondlu. Kodwa lapha, lokho," ikhasimende lakhe uqobo, "usebe ngohlanyayo kakhulu baze bakhiphela lowomntwana kulowomoya obandayo kaMashi. Futhi lapha babenakho kusongwe ngobhlankethe, intombazanyana ethi ayibe neminyaka eyishumi ubudala. Ukuhlanya okunje pho! Uma engena esitolo sami othenga udlele kuso futhi, lowomntwana uyobe esefile, kusobala; ngizomtshela, ngizomnika ubunhliziyo mhlophe bami!"

140 Emva kwesikhashana umsindo wawuya ngokuzwakala kakhulu kakhulu, futhi bonke bagijimela ezitaladini. Into yokuqala eza ngasekhoneni loMgwaqo obanzi uHaleluya, uya ekhoneni lika-Udumo; beseza ngasesitaladini, siyathola, umdobi onempadla oyisiqukaquka esikhulu kakhulu, ogama linguSimoni, ethi, "Ningamela eceleni, zihlobo na?" Lapha kwakunabanye abayishumi nanye emva kwakhe, bethi, "Uma nithanda, siyacela, yimanini eceleni. INkosi yethu ibisenkonzweni enkulu izolo kusihlwa, na—namandla aphumile kuYo, futhi kwenzeke imibono emikhulu. Futhi Ikhathele kulokhu ukusa, futhi Iyo—Iyo—Iyokudla isidlo sayo sasekuseni. Ningamela eceleni, ngesihle na?"

141 Futhi nakhu kuphuma umndeni wakwaJones, nalengane. Nomdobi omkhulu nabaningi babo, bathi, "Dedani, ningakwenza, siyacela." "Awu, sinengane lapha kalula nje izokufa. Odokotela sebekudelile. Ungasivumela nje isikhathi esingako nje sibeke ingane . . . "

142 "Ngiyaxolisa. Bonke bazofuna ukwenza lokho, ngakho a—angeke ngakwenza nje. Uzomele ume ngaphandle, eceleni lapho. Uyeza khona manje nje. Ungaqhela na?"

143 Ngakho sengiyabona-ke, njengomqaphi omncane, ovela embhoshongweni ayekuwo, esihlahleni, waqaphela, futhi ubone uMnu. Jones noNkk. Jones beguqa ngamadolo abo, kulesosixuku, bethi, "Nkosi Nkulunkulu, ungangedluli. O Msindisi omnene, yizwa ukukhala kwami okuthobekile. Lapho Ubabiza abanye, musa ukungedlula."

144 Futhi ngenkathi Edlula, Wama, wayesethi, "Mnu. Jones, ungamletha umntwana wakho lapha na?" Kwakuthi akwenelise.

145 Usenguye nanamhlanje. Akuthathi ikhadi lomkhuleko. Akuthathi iqembu. Kuthatha ukholo, njengoba impumputhe uBatimewu ayenakho kokunye ukugcina kwesango ngenkathi Wayephuma. Amayadi angamakhulu amabili ukusuka kuYe, umake indawo, ukuthi Wayengalizwa kanjani iphimbo lakhe

na? Kodwa, "O Jesu, Ndodana kaDavide," lokho kwaMmisa, kwathinta ingubo yaKhe. Futhi Waphenduka, wathi, "Mletheni lapha." Niyabo?

146 Ngakho baletha inganyane ngale. Wabeka izandla zaKhe phezu kwenganyana, yilokho kuphela Akwenza. Emizuzwaneni embalwa, ubaba uyithathile futhi, futhi nakho kuhamba ingane yehla esitaladini, igijima. Imfiva yase iyishiyile.

147 Kwathi ukumthambisa kancanyanyana. Wathi, "Ngiyazibuza ukuthi Angahle abe ngumprofethi yini?" Kwamenza wathi ukukukholwa.

148 Niyazi, kunezinto ezinjalo ezisikholisayo, ngokuba UyiZwi, (hhayi ukuthi "Ngangi"), "NGINGUYE."

149 Futhi lapho Eseza ngaphansi kwesihlahla, wacabanga . . . Awu, uphakamisa leliqabunga elincane, ebuka phansi. Futhi Wafika ngaphansi kwesihlahla, wacabanga, "Angaba ngumprofethi na? Kungenzeka." Niyabo, ufanele ube nokukholwa. "Angaba nguye na?" Wayesedlula ngaphansi kwesihlahla, nekhanda laKhe libheke phansi, ehamba esesimweni saKhe sokuphola.

150 Kunenye into ethize, uma uke waMbona, u—u—uyaguqulwa. Ungeke usaphinde ufane. Ngizwile ngaYe, uzwile ngaYe; kodwa uma sengiMbonile, iZwi laKhe, ngi—ngi—ngingephinde ngibe ofanayo futhi. Kunokuthize ngaYe, okuhlukile komunye umuntu. Kunokuthize ngaYe, okuhlukile kubabhishobhi nokhadinali isikhulu samaloma nophapha, nokunye nokunye. Yena, kunokuthize ngaYe okwehlukile.

151 UZakewu omncane wayethintekile. Imikhulekho kaRebekah yayiphenduliwe. Esadlula ngaphansi kwesihlahla, wathi, "Awu, ngi—ngingahle ngixolise kuRebekah uma sengibuyela emuva. Usesendleni yaKhe ebheke kwaLavinski, lokho kulungile. Uma Edla kwesinye isitolo othenga udlele kuso, kulungile kimi manje." Niyabo, usevele useMbonile.

152 Ngakho ngenkathi Efika ngaphansi kwesihlahla, Wama, wabheka phezulu, wathi, "Zakewu, yehla. Ngiya ekhaya kanye nawe, ukudla isidlo sasemini namhlanje." Niyabo, Wayazi ukuthi wayephezulu lapho. Wayazi ukuthi wayengubani.

153 Mfowethu, dadewethu, Unguye izolo, namuhla, naphakade. Uzakudlula ngapha kulokhu ukusa. Udlule ngalendlela ngasemzini, uselapha kuleliviki kanye nathi.

154 Niyazi ukuthini? Ukuba kufike uMongameli, uMongameli Johnson ufikele eTopeka, amaflegi abeyoba ebhakuza, izitaladi beziyohlotshiswa, futhi ubeyoba nokwemukelwa okukhulu. Kodwa uJesu engeza, kunzima ukuthi kubekhona noma ubani ofuna ukuza futhi aMbone. Beniyofanele nibe namaphoyisa aphelezelayo ukungenisa uMongameli kulelidolobha, kodwa

sinenqwaba yegumbi lokuhlala. Niyawubona umehluko na? Abanandaba nokuMbona.

155 Ngithemba ukuthi uZakewu ulapha kulokhu ukusa. Futhi uma Edlula ngalendlela, nguYe ekhuluma kuwe.

156 Wehla evela esihlahleni. Kusobala, abagxeki babefuna ukuthi, "Lendoda iyisoni."

157 Wathi, "Nkosi, uma ngamuke noma yini ngokuzuza ngobuqili, ngizokubuyesela ngokuphindwe kakhulu. Ngizokubuyisela. Futhi uma ngiwake noma yimuphi umuntu, ngilungele ukukulungisa. Ngi—ngilungele."

Asikhothamise amakhanda ethu.

158 Zakewu, ngabe ulungele kulokhu ukusa na? Awehli ngani manje uphume esihlahleni na? Awuzi ngani na? Udlula ngapha manje, udlula enhliziyweni yakho, ekhuluma kuwe. Kungaba khona, nisakhothamise amakhanda enu, ngikhulela, ukhona noma ubani lapha ozothi, "Mfowethu Branham, ngempela ngibe manqikanqika sonke lesisikhathi"? Khumbulani, wayeyindoda yenkolo, yena uqobo. "Ngibe nje nokunqikaza okuncanyanyana, kodwa manje sengiyakholwa. Siza ukungakholwa kwami, Nkulunkulu." Hhayi kuMfowethu Branham, ngoba akekho obukayo kodwa mina noNkulunkulu, "ngakho ngizophakamisa isandla sami futhi ngithi, 'Ungangedluli, O Msindisi omnene. Yizwa ukukhala kwami okuthobile. Ngenze ikholwa leqiniso, Nkosi. Woza, yiya ekhaya nami namhlanje futhi uhlale endlini yami.' 'Namhlanje Ngifanele ngihlale endlini yakho.'"

159 Uzosiphakamisa isandla zakho, uthi, "Ngikhumbule, Nkulunkulu"? INkosi ikubusise, ikubusise, nawe. "Ngikhumbule, Nkulunkulu. Yiya nami ekhaya, kulokhu ukusa. Ngiyazi ukuthi Ulapha. Ngiyazi ukuthi Uyayazi inhliziyo yami. Ukhuluma kimi manje. Uyazazi izinto engizenzileyo ukuthi azilungile. Uyazi ngisho ukuthi ngingowebandla leVangeli eligcwele, kodwa nokho ngibe nobudedengu, angenzanga lokho okufanele. Ngishaye indiva umhlangano wokukhuleka. Ngibeke yonke enye into . . . Ngenze izinto, ngempela, ukuthi inkolelo yethu—yethu ayikumeli."

160 "Ngi—ngingo—ngingowesifazane, futhi ngiyazi ukuthi ngigqoke ngokungafanele. Futhi ngigunde izinwele zami. Ngazipenda ebuzweni. Futhi ngifanele ngibe owesifazane weVangeli eligcwele, udade. Yiba nomusa kimi, Nkosi. Ngi—ngifuna Wena ukuba uye ekhaya kanye nami namhlanje, futhi ngi—ngi—ngizoba i—isibonelo esiphilayo sikaKristu, kusukela manje kuqhubeke." Ungabuzwa loboBukhona bukaNkulunkulu, ukuthi ubungaphakamisa isandla sakho, bese uthi, "Ngikhulekele." UNkulunkulu akubusise, futhi uNkulunkulu akubusise, wena. UNkulunkulu anibusise, bodade. Yebo.

161 Baba waseZulwini, abanye boZakewu besifazane noZakewu besilisa baphakamise icembe futhi wabheka. Baqondile ukuthi uJesu utholile lapho behlala khona nalapho bekhona, wembulile kubo ukuthi banephutha. Eziningi, izandla eziningi phakathi lapha ziphakamile. Ungaya ekhaya nabo namhlanje, Baba, uye endlini yabo, uphile ezinhliziyweni zabo. Kwangathi bengekhohlwe lokhu ukusa. Nakuba, kweyakho . . . izinto eziyinhlekisa engi . . . nokuzama ukudidiyela u—u—umuzwa womqondo wokwamukela okuhlekisayo phakathi kwesixuku esixubile. Futhi manje ngalomzuzu lapho iphuzu seliphumile, ukuthi uku—kuphela uku—ukuthola abantu babone ukuthi yini emi nathi kulokhu ukusa lapha, iZwi libonakaliswa edolobheni lethu, phakathi kwethu, iNkosi uJesu qobo lwaYo, iZwi lenziwe inyama, esebenza qobo lwaKhe ngenyama yomuntu. O Nkulunkulu, kwangathi abangani bethu abathandekayo bangabona futhi basondezwe kakhulu kuWe.

162 Yiya nabo ekhaya, ngiyacela futhi, Baba, nawowonke uZakewu nawowonke owesifazane, wonke uRebekah. Kwangathi engazi ukuthi imikhuleko yakhe iphenduliwe. Sibanikela kuWe manje. Futhi kwangathi bona, ngale kwanoma yikuphi ukungabaza, bamukele Wena enhliziyweni yabo, njengoba lomHeberu omncane enza ngalokho kusa, nakuba bebesephutheni. Wathi, "Ubengafanele futhi, abe yindodana ka-Abrahama." Ngakho Ulungele ukuya ekhaya kanye nathi, Baba. Sikhulekela ukuthi Awusoze wasishiya. Hamba nathi, kusukela esidlweni sasekuseni, njengoba sihlezi lapha kulokhu ukusa; futhi sabukana ngokungamela itafula, sijabule, amancoko, sixhawulana, futhi sithandana, njengoba amaKristu ebengaba njalo.

163 Futhi ngicabanga ukuthi ngi—ngi—ngingahle ngingaphinde ngibe lapha futhi. Ngi—ngingahle ngingaphinde ngihlangane naleliqembu futhi kanje, ngokunye ukudla kwasekuseni. Kodwa ngiqinisekile, Baba, uma nje bezoKuvumela nje uye ekhaya nabo, namhlanje, futhi uhlale nabo, ngiyohlangana nabo eSidlweni sakusihlwa, ngenkathi yonke impi isinqotshiwe netafula elikhulu lendlaleke ngale kompheme wesibhakabhaka, futhi sihlala bese sibuka ngale.

164 Futhi ngibuka lokhu ukusa kubefundisi behlezi lapha, bempunga ekhanda, owayeshumayela ngenkathi ngisengumfana. Ngicabanga ukuthi kuphela banquma basuse iziqu, baqhumisa imigwaqo, futhi bewenza wahamba ngobushelelezi benzela leziziphiwo abaprofetha ngazo ukuthi ziyofika. Nkulunkulu, babusise, babusise bonke. Busisa laba besifazane abakahle abanikelile ukuba abayeni babo bashumayele, neminikelo ukuthi wonke amaKristu ayenza ngampela. Yiba nabo, Baba.

165 Sihlezi lapho ngalobo busuku, sibukana ngokuvundla kwetafula, futhi mhlawumbe singephinde sibonane futhi

kusukela kulokhu ukusa, kuze kube yileso sikhathi. Kodwa, akungabazeki, nezinyembezi nazo zizodweba umusho phansi ezihlathini zethu, ngenxa yenjabulo, uma ngifinyelela ngale kwetafula bese ngibaxhawula. Khona-ke siyoMbona ephuma. Siyojabula kakhulu ukuthi sehla sivela esihlahleni, mhlawumbe isihlahla sesivumokholo, isihlahla sesivumokholo sehlelo, noma okuthize, nje siphuma emoneni, siphuma ezindleleni zethu eziwubulima, noma ekungaMkhathaleleni kwethu; siphuma ebumpumputheni bethu, singena ekuKhanyeni. Siyothokoza ngakho ngaleyonkathi uma sesiMbona ephuma, egqoke zonke zezingubo zaKhe ezinde zobuKhosi, ehla ngetafula, futhi athathe isandla saKhe esiligugu bese esula zonke izinyembezi zisuke emehlweni ethu, athi, "Ningakhali. Konke sekuphelile. Ngenani ezintokozweni zeNkosi, ehlinzekelwe nina selokhu kwasekelwa umhlaba." Kuze kube yileyonkathi, Baba, hlala nathi, yiya kanye nathi ekhaya futhi uhlale nathi, kuze kube yilelohora. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

166 [Udade ukhuluma ngolunye ulwimi. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba kuqala Wa . . .

167 Ngenkathi ngenyukele esihlahleni, Wayelokhu esangithanda.

> Wang'the- . . .

Bukani lowomuthi Awenyukayo manje enzela mina, iSiphambano, umuthi owedelelekile.

> Emthini waseKalvari.

168 Bukani lowomuthi Awenyukayo, ukukukhipha esihlahleni sakho.

> Ng'ya . . .

169 Manje, ungeke wathanda Yena ngaphandle kokuthi nithandane.

> Ng'ya . . .

Manje finyelela ngale kwetafula, bese uthi, "UNkulunkulu akubusise, mhambi," nje ngale komunye umuntu.

> . . . ngoba Wathanda kuqala . . .
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari

170 AniMthandi ngoba Waniyela kulesosihlahla, ukuba anikhiphe kuleso sihlahla senu na? UngeMvumele aye ekhaya kanye nawe kulokhu ukusa na? Bangaki abazoMthatha na? Phakamisa isandla sakho. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UNkulunkulu akubusise.

171 Bosomabhizinisi, ngifuna ukukhuluma nani umzuzu nje, ngaphambi kokuba ngihambe.

172 Manje uma ungesuyena umKristu, uma ubungazihlanganisi; nina maKristu, nina bantu, uma wamukela uKristu ngenkathi uphakamisa isandla sakho, yiya komunye wabelusi bakho lapha, batshele okwenzile. Bazokwamukela. Omuny'umuntu noma omunye umalusi ubhala incwadi yalokhu, ngalomfana lapha, lomfowethu oyikhaladi. Lowo bekungumusa izolo ebusuku, leyonsizwa ihlezi lapho iqaphela lokho futhi yakukholwa lokho. Niyabo? Niyakubona lokho na? Ukuthi kanjani lowomfana, ukuthi uphenduke kanjani lowoMoya. UBilly ubengitshela ngakho, nomkami nabo, emva kokuba sesifike ekhaya. Waphenduka lapho ubengale kulelikhona, wazungeza lapha wase uthola lowo, niyabo, ukumyisa eKhaya. Ukuzibusa! Hamba naYe. Hambani nijoyinane namanye amaqembu ndawo ndawo eningahlanganyela nawo, ashumayela iZwi likaNkulunkulu eligcwele. Futhi nihlale naleloZwi, ningakhathaleli, niyabo. Kunjalo.

173 Somabhizini, ubuwazi ukuthi noma yini eyenzeka kuZakewu na? Waba yilunga leFull Gospel Business Men yaseJeriko. Kunjalo. Lowomkhandlu ezansi lapho, wayengowawo. Kuzwakala kumnene, kodwa yiqiniso kanjalo. Ngiqinisekile ukuthi uJesu wayengeke asungule noma yini enye kodwa umkhandlu weVangeli eligcwele, noZakewu abe kanye naYe. Ngakho manje, Zakewu, yenza okufanayo.

174 Size sinibone kulokhu ukuhlwa, uNkulunkulu anibusise. Ngizobuyisela inkonzo lapha kumalusi.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org